

## A reading adventure

Every day, all across South Africa, reading activists like you and Nal'ibali help children to discover the joy of reading. Sometimes the children we share stories with are our own children, but often they are also the children in our classrooms, libraries and reading clubs. And we are part of a wider community of adults across the world who are committed to making sure that our children experience the power of reading!

It takes time and energy to help children establish the habit of reading for enjoyment – it happens as we share books and stories with children again and again. The beginning of a new year is always a good time to think about what reading experiences you want your children to have over the next twelve months.

Reading for enjoyment needs to be an adventure, not a chore! Adventures help us to explore new things and they often involve challenges. Giving children reading challenges encourages them to try out new things that they may not even have thought of. These challenges can help to motivate children, and motivation plays a big part in children's reading lives. Motivation is the thing that makes children want to learn to read in the first place. Then it keeps them reading and turns reading for enjoyment into a healthy habit!

Reading challenges may take us out of our comfort zones for a while, but they also allow us to discover things about ourselves as readers – including what we enjoy reading and what we don't enjoy reading!

So, to help make 2018 a reading adventure for your children, we have created a reading passport (see pages 13 and 14) that encourages them to explore reading and stories! Follow the instructions on page 15 to make the passport and then let the fun begin! We wish you a happy, adventure-filled reading year!

## Uphumo lokufunda

Nsuku zonke, kuyo yonke iNingizimu Afrika, izishoshovu zokufunda okubhaliwe ezifana nawe kanye noNal'ibali zisiza izingane ukuvumbulula intokozo yokufunda. Ngesinye isikhathi izingane esabelana nazo izindaba yizingane zethu uqobo, kodwa imvamisa ziphinde zibe yizingane ezisemaklasini ethu, emitasheni yezincwadi nasemathimbeni okufunda. Kanti siyinxenye yomphakathi omkhulu wabantu abadala emhlabeni wonke abazinikele ekuqinisekiseni ukuthi izingane zethu nazo ziyatholana namandla okufunda!

Kuthatha isikhathi nomfutho ukusiza izingane ukuqala umkhuba wokufunda ukuzithokozisa – kwenzeka ngesikhathi side sabelana ngezincwadi nezindaba nezingane. Ukuqala konyaka omusha kuvamile ukuba yisikhathi esihle sokucabanga ngokuthi yiluphi ulwazi kwezokufunda izingane zakho ofuna zibe nalo ezinyangeni eziyishumi nambili ezilandelayo.

Ukufunda ukuzithokozisa kufanele kube wuphumo oluthokozisayo, hhayi umthwalo! Izimpume zokufunda zisisiza ukuba sikwazi ukuthola izinto ezintsha kanti futhi zivamise ukubandakanya izinselelo. Ukunikeza izingane izinselelo zokufunda kuzikhuthaza ukuthi zizame izinto ezintsha ezingakaze zicabange ngisho nangazo. Lezi zinselelo zingasiza ukukhuthaza izingane, kanti ukukhuthazeka kudlala indima enkulu empilweni yezingane yokufunda okubhaliwe. Ukukhuthazeka iyona nto eyenza izingane zifune ukufunda ukufunda okubhaliwe kuqala. Emva kwalokho kuzigcina zifunda, futhi kuphendula ukufunda ukuzithokozisa kube wumkhuba onempilo!

Izinselelo zokufunda zingasusisa isikhathi eside ezimeni zokuphatheka kamnandi nje, kodwa ziphinde zisivumele sikwazi ukuvumbulula izinto ezithile ngathi njengabafundi – okubandakanya esikuthokozelayo ukufunda kanye nesingakuthokozeli ukufunda!

Ngakho, ukusiza ukuthi owezi-2018 ube wuphumo lokufunda ezinganeni zakho, senze iphasipoti yokufunda (bhaka ikhasi le-13 nele-14) ezikhuthazayo ukuthi zihlaziye ukufunda nezindaba! Landela imiyalelo ekhasini le-15 ukwenza iphasipoti bese udedela intokozo ukuthi iqale! Sikufisela unyaka wokufunda onentokozo, ogcwele uphumo lokuthola okusha!



**It's World Read Aloud Day on 1 February 2018!**

Look out for our special World Read Aloud Day edition of the Nal'ibali Supplement, which will be available in the week of 28 January. For information on how to get involved in Nal'ibali's World Read Aloud Day activities, go to [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org).

**WuSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale mhla lu-1 kuNhlolanja ngowezi-2018!**

Bhaka ushicilelo lwethu olukhethekile loSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale lweSithasiselo sikaNal'ibali, oluzobe selutholakala ngesonto lomhla zingama-28 kuMasingana. Ukuthola ulwazi ngokuthi ungazibandakanya kanjani emisebenzini kaNal'ibali yoSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale, yana ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org).

### INSIDE:

Your 2018 reading passport!  
Turn to pages 13 to 15.


### OKUPHAKATHI:

Iphasipoti yakho yokufunda yangowezi-2018! Phenya emakhasini ele-13 kuya kwele-15.



Drive your imagination

Join us in taking the power of stories to the next level. Let's go!  
Hlanganyela nathi ukuthatha amandla ezindaba siwabeke ezingeni elilandelayo. Masihambeni!



# I want to be a chef!

By Kgosi Kgosi ✨ Illustrations by Jiggs Snaddon-Wood

In the town of Mahikeng, there lived a young boy named Kabelo. He loved nothing more than cooking. He cooked good food that everyone in his family enjoyed. Kabelo was also good at baking. He baked cakes and bread. He also made soup for homeless people in his community.

One morning at school, Mrs Ramaila, Kabelo's teacher, asked everyone in the class to say what they would like to do after they finish school one day.

A girl stood up. "I would like to be an astronaut and go to space," she said.

"I would like to be a doctor," said one of the boys.

Then Kabelo stood up. "I would like to earn a living by cooking," he said. "I want to be a chef."



All the children were shocked. First they stared at Kabelo and then they all started laughing.

"But cooking is for girls," laughed one of the girls.

Mrs Ramaila told everyone to be quiet. "You can be anything you want to be, Kabelo," she said kindly. "Don't listen to them." But Kabelo's feelings were already hurt.

On the way home from school the other children kept on teasing him.

When he got home, Kabelo found his father washing the dishes while his mother made lunch.

"How was school today?" asked his father.

"Everyone laughed at me when I told them I wanted to be a chef and cook for a living," explained Kabelo. "They said that boys don't cook and that cooking is for girls. They also said real boys play rugby and soccer. But I don't like those things!"

His father hugged him. "Do you know that some of the best chefs in the world are men?"

Kabelo was surprised and said, "Really?"

"Yes!" said his father as he took his cellphone out of his pocket. "Look!" He showed Kabelo pictures of the many chefs around the world who were men. They looked at pictures of all the good food the chefs had cooked and Kabelo started to feel a little better.

"You should enter a cooking competition, Kabelo," his mother said to him. "There is one called *The Young Super Chef* and it is on television."

His father agreed. "Yes," he said, "your cooking is very good. You could win that competition."

And that was how it came about that Kabelo entered *The Young Super Chef* competition.

A few months later, as part of the competition, Kabelo was on television. He found himself amongst other young chefs just like him. Some of them were boys who loved cooking – just like him!

The competition was really tough! The young chefs were asked to cook meals they had never cooked before. They also had to use ingredients they had never heard of before. One by one, they were voted out by the judges. Kabelo saw them cry as they left. He did not want the same thing to happen to him. He concentrated extra hard to make sure that he didn't make any mistakes.


When Kabelo ended up in the final round of the competition, his mother and father were so proud of him! The whole school was watching on television – even the boys and girls who had made fun of him. Kabelo was making his school proud.

Kabelo felt nervous. The competition was nearly over, but there was one person left he had to beat in order to win. The problem was, that young chef was as good as Kabelo was!

The final round started. The two young chefs each had an hour to cook their meal. Fifteen minutes into the round, Kabelo dropped a bowl filled with the mixture for a chicken pie onto the floor. He wasn't allowed to pick the mixture up – that would mean that he would lose the competition. So he had to start all over again. Now it would be a struggle for him to finish in time. Everyone watching was worried, but Kabelo managed to finish his dish just in time.


Then the judges had to taste the food. This would decide who the winner would be! They tasted Kabelo's food and said that they thought it was very good. Then they tasted the food of the other young chef. They thought that was very good too! They left to make a final decision. The audience knew that choosing a winner was going to be difficult.

It was a whole hour before the judges came back with a final decision. The winner was ... Kabelo! His parents were so happy and proud! Their son was *The Young Super Chef* of the year. Kabelo won a trophy and prize money.



The next day Kabelo took his trophy to school and everyone there celebrated with him. Kabelo had shown everyone that boys could be chefs too!

"I'm glad you didn't listen to some of the children when they teased you," said Mrs Ramaila. "You see, I told you, you could be anything you want to be!"



# Ngifuna ukuba wumpheki!

NguKgosi Kgosi ★ Imidwebo nguJiggs Snaddon-Wood


Edolobheni laseMahikeng, kwakuhlala umfana omncane ogama lakhe kwakunguKabelo. Akukho okunye ayekuthanda ngaphezu kokupheka. Wayepheka ukudla okumnandi okwakhokozelwa yiwo wonke umuntu emndenini wakhe. UKabelo futhi wayebhaka kahle. Wayebhaka amakhekhe nezinkwa. Wayebuyenze nesobho enzela abantu abangenamakhaya emphakathini wakhe.

Langa limbe ekuseni esikoleni, uNkk Ramaila, uthisha kaKabelo, wacela wonke umuntu ekilasini ukuthi asho ukuthi ufuna ukwenzani lapho eseqedile esikoleni.

Intombazane yasukuma. "Ngifuna ukuba yi-astronothi, ngishone le emkhathini," kwasho yona.

"Ngingathanda ukuba wudokotela," kwasho omunye wabafana.

Emva kwalokho kwasukuma uKabelo. "Ngingathanda ukuphila ngokupheka," kwasho yena. "Ngifuna ukuba ngumpheki."



Zonke izingane zethuka. Zaqale zamgqolozela uKabelo emva kwalokho zaqala ukhuluka.

"Kodwa ukupheka yinto yamantombazane," kuhleka enye yamantombazane.

UNkk Ramaila watshela wonke umuntu ukuthi athule du. "Ungaba yinoma yini ofuna ukuba yiyo, Kabelo," esho ngomusa. "Ungabalaleli." Kodwa imizwa kaKabelo yayisivele ithintekile.

Esesendleleni eya ekhaya ebuya esikoleni ezinye izingane zazilokhu zimgcona.

Uthe uma efika ekhaya uKabelo, wathola uyise egeza izitsha ngenkathi unina enza isidlo sasemini.

"Bekunjani esikoleni namuhla?" kubuza uyise.

"Bonke bangihlekile uma ngibatshela ukuthi ngifuna ukuba ngumpheki, ngiziphilise ngokupheka," kuchaza uKabelo. "Bathe abafana abapheki futhi ukupheka yinto yamantombazane. Bathe futhi abafana bangempela badlala umbhoxo nonobhutshuzwayo. Kodwa mina angizithandi zonke lezo zinto!"

Uyise wamanga. "Uthi uyazi ukuthi abanye babapheki abahamba phambili emhlabeni bangamadoda?"

UKabelo wamangala wayesethi, "Ngempela?"

"Yebo!" kwasho uyise ekhipha umakhalekhukhwini ekhukhwini lakhe. "Buka lapha!" Wakhombisa uKabelo izithombe zabapheki abaningi bomhlaba jikelele abangamadoda. Babuka izithombe zokudla okuhle okuphekwe ngabapheki, noKabelo waqala ukuzizwa esengconywa.

"Kufanele ungenele umncintiswano wokupheka, Kabelo," kwasho unina kuye. "Kukhona omunye obizwa ngokuthi *Umpheki Osemncane Wezinga Eliphezulu* nobonakala kumabonakude."

Uyise wavuma. "Yebo," kwasho yena, "upheka kahle kakhulu. Ungawunqoba lowo mncintiswano."

Wawungenela kanjalo-ke uKabelo umncintiswano okuthiwa *Umpheki Osemncane Wezinga Eliphezulu*.

Ngemva kwezinyanga ezimbalwa, njengengxenywe yomncintiswano, uKabelo wavela kumabonakude. Wazithola esephekathi kwabapheki abancane abafana naye. Abanye babo kwakungabafana abathanda ukupheka – njengaye nje!

Umncintiswano wawunzima ngempela! Abapheki abasebancane bacelwa ukuthi bapheke izidlo ababengakaze bazipheke ngaphambilini. Kwakufanele futhi basebenzise izithako ababengakaze bezwe ngazo ngaphambilini. Ngamunye ngamunye, babevotelwa ngabehluleli ukuphuma emncintiswaneni. UKabelo wayebabona bekhala lapho sebephuma. Wayengafuni ukuba kwenzeka esifanayo nakuye. Wayigxilisa ngamandla amakhulu ingqondo yakhe kwakwenzayo ukuqinisekisa ukuthi akenzi phutha.

Ngenkathi uKabelo efinyelela emzuliswaneni wokugcina womncintiswano, unina noyise baziqhenya ngaye! Sonke isikole sasibukela umabonakude – ngisho nabafana namantombazane ababekade bembhuqa. UKabelo wayenza isikole sakhe ukuba sizaqhenya ngaye.

UKabelo wazizwa esenovalo. Umncintiswano wawusuzophela, kodwa kwakukhona umuntu oyedwa owayesele ukuthi uKabelo amehlule ukuze aphumelele. Inkinga kwakungukuthi lo mpheki osemncane wayenamagalelo amahle njengaye uKabelo!


Waqala umzuliswano wokugcina. Bobabili abapheki abasebancane babenehora ukupheka izidlo zabo. Emizuzwini eyishumi nanhlanu uqalile umzuliswano, uKabelo wawisela phansi isitsha esigcwele ingxube kaphaya wenkukhu. Wayengavumelekile ukucosha le ngxube – lokhu kwakusho ukuthi uzokhala ngaphansi emncintiswaneni. Ngakho kwakufanele aqale phansi futhi. Manje kwase kuzoba nzima kuye ukuthi aqede ngesikhathi. Wonke umuntu obukele wayekhathazakile, kodwa uKabelo wakwazi ukuqeda isidlo sakhe ngesikhathi.

Emva kwalokho abehluleli kwase kufanele bakuzwe ukudla. Lokhu kwakuzonquma ukuthi ngubani ophumelele! Bakuzwa ukudla kukaKabelo base bethi bacabanga ukuthi kunambitheka kahle kakhulu. Emva kwalokho base bezwa ukudla kwalona omunye umpheki osemncane. Bacabanga ukuthi nakho kwakunambitheka kahle kakhulu! Bahamba ukuze bathathe isinqumo sokugcina. Izethameli zazazi kahle ukuthi ukukhetha ophumelele kwakuzoba nzima.

Kwathatha ihora lonke ukuthi abehluleli babuye nesinqumo sokugcina. Ophumelele kwakungu ... Kabelo! Abazali bakhe babengeve bejabule futhi beziqhenya! Indodana yabo yayingu *Mpheki Osemncane Osezingeni Eliphezulu* wonyaka. UKabelo wathola indebe kanye nomklomelo wemali.

Ngosuku olulandelayo uKabelo wathatha indebe yakhe waya nayo esikoleni kanti wonke umuntu lapho wayegubha kanye naye. UKabelo wayebonise wonke umuntu ukuthi nabafana bangaba ngabapheki!

"Ngiyajabula ukuthi awuzilalelanga ezinye izingane ngenkathi zikugcona," kwasho uNkk Ramaila. "Uyabona, ngakutshela, ungaba noma yini ofuna ukuba yiyo!"



## Get story active!

Here are some ideas for using the Story Corner story, *I want to be a chef!* (page 2), as well as the two cut-out-and-keep picture books, *Six blind mice and an elephant* (pages 5, 6, 7, 8, 11 and 12) and *Fruit salad* (pages 9 and 10). Choose the ideas that best suit your children's ages and interests.



### I want to be a chef!

When Kabelo tells the other children in his class that he wants to be a chef when he grows up, they laugh at him and tease him saying that cooking is only for girls. Then Kabelo enters a cooking competition on TV and gets through to the finals! Will this make the children in his class change their minds?



- ★ Discuss the following question with your children: Do you think there are some jobs that should only be done by men and some that should only be done by women? Why?
- ★ Kabelo wants to be a chef when he leaves school. Ask your children what they want to be one day. Then encourage them to draw a picture of themselves that shows what they imagine their lives will be like when they are adults.

### Six blind mice and an elephant

An elephant wanders into a barn and falls asleep. Six blind mice come out of their mouse-hole to investigate this most unusual creature. They come up with six very different ideas as they explore what an elephant's body is like.



- ★ As you read the story:
  - ☉ talk about the details in the pictures together.
  - ☉ ask your children to suggest why the mice thought that the different parts of the elephant's body were like a wall, a spear, a fan, a snake, a tree and a rope.
- ★ After you have read the story, encourage your children to draw their own pictures of the six blind mice exploring the elephant's body while he sleeps.
- ★ Play a game with your children in which they use only their sense of touch to describe and name objects. Without letting your children see what you're doing, put some objects into a pillowcase or shopping bag. Now let the children take turns to close their eyes and take an object out. Let them keep their eyes closed as they feel the object, describe it and then try to guess what it is.

### Fruit salad

This little book names some of the fruits that are enjoyed by children from different parts of Africa – from Egypt to South Africa. Younger children will enjoy this book, but you can use it with older children too. Suggest that they read it in their mother-tongue first and then in the other language of the supplement. They can also read it to each other and to younger children who they know.



- ★ After you have read the book together, discuss which of the fruits your children have tasted before, and also which ones they liked.
- ★ Find some fruit and make a fruit salad together – then enjoy eating it! Encourage your children to write a recipe for your fruit salad.
- ★ Suggest that your children make their own books about fruit by drawing pictures of their favourite types of fruit and then writing a description of the fruit next to each picture. Encourage them to think of words to describe the colour and shape of each fruit, as well as what it is like on the outside and inside.

## Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Nanka amanye amacelo okusebenzisa indaba yeKhona Lendaba ethi, *Ngifuna ukuba wumpheki!* (ikhasi lesi-3), kanye nezincwadi zezithombe ezimbili ozisika uzikhiphe bese uzigcina, *Amagundane ayisithupha angaboni kanye nendlovu* (amakhasi elesi-5, 6, 7, 8, 11 nele-12) nethi, *Isaladi yezithelo* (ikhasi lesi-9 nele-10). Khettha amacebo ahambisana kahle kakhulu neminyaka yezingane zakho kanye nalokho ezikuthandayo.

### Ngifuna ukuba wumpheki!

Ngenkathi uKabelo etshela ezinye izingane ekilasini lakhe ukuthi ufuna ukuba wumpheki uma esekhulile, ziyamhleka futhi zimcone zithi ukupheka ngokwamantombazane kuphela. Emva kwalokho uKabelo ungenela umncintiswano wokupheka kumabonakude aze afinyelele kowamanqamu! Ngabe lokhu kuzokwenza izingane ekilasini lakhe ziguqule imiqondo yazo?

- ★ Xoxa nezingane zakho ngombuzo olandelayo: Ucabanga ukuthi kukhona imisebenzi ethile okumele yenziwe ngamadoda kuphela kanye nethile okumele yenziwe ngabesifazane kuphela? Kungani?
- ★ UKabelo ufuna ukuba wumpheki uma eseqedile esikoleni. Buza izingane zakho ukuthi zifuna ukuba yini ngolunye usuku. Bese uzikhuthaza ukuthi zidwebe izithombe zazo ezikhombisa ukuthi zicabanga ukuthi impilo yazo iyoba njani uma sezikhulile.

### Amagundane ayisithupha angaboni kanye nendlovu

Indlovu iyazula ize ingene enqolobaneni bese izunywa ubuthongo. Amagundane ayisithupha angaboni ayaphuma emigodini yawo ukuzophenya ngalesi silwane esingeywayekile kangaka. Aqhamuka nemibono eyisithupha eyahlukene ngenkathi ehlola ubunjalo bomzimba wendlovu.

- ★ Njengoba seniyifundile indaba:
  - ☉ xoxani ngemininingwane esesithombeni nindawonye.
  - ☉ cela izingane zakho ukuthi ziphakamise ukuthi kungani amagundane ayecabanga ukuthi izingxenye ezahlukene zendlovu zazifana nobonda, umkhonto, isiphephethi moya, isihlahla nendophi.
- ★ Ngemva kokuthi usuyifundile indaba, khuthaza izingane zakho ukuthi zidwebe ezazo izithombe zamagundane ayisithupha angaboni ehlohisisa umzimba wendlovu ngenkathi ilele.
- ★ Dlala umdlalo nezingane zakho lapho zizosebenzisa khona umuzwa wokuthinta kuphela ukuchaza nokusho amagama ezinto. Ngaphandle kokwenza ukuthi izingane zakho zibone lokhu okwenzayo, faka izinto ezithile emqamelweni noma esikhwameni sokuthenga ezitolo. Manje vumela izingane ukuthi zishintshane ukuvala amehlo bese zikhipha le nto. Mazihlale zicimezile ngenkathi ziyithinta le nto, bese ziyichaza, emva kwalokho zizame ukuqagela ukuthi iyini.

### Isaladi yezithelo

Le ncwajana isho amagama athile ezithelo ezithokozelwa yizingane ezivela ezingxenyeni ezahlukene ze-Afrika – ukusuka eGibhithe kuze kufike eNingizimu Afrika. Izingane ezincanyana zizoyithokozela le ncwadi, kodwa ungayisebenzisa futhi nasezinganeni ezindadlana. Phakamisa ukuthi ziyifunde ngolimi lwazo lwebele kuqala bese emva kwalokho ziyifunda ngolunye ulimi lwesithasiselo. Zingaphinde zifundelane noma zifundele izingane ezincane kuzo ezizaziyo.

- ★ Ngemva kokufunda incwadi ndawonye, xoxani ngokuthi yiziphi izithelo izingane zakho ezike zazinambitha phambilini, nokuthi yiziphi ezizithandile.
- ★ Thola izithelo ezithile bese nenza isaladi yezithelo ndawonye – bese niithokozela ukuyidla! Khuthaza izingane zakho ukuthi zibhale iresiphil yesaladi yenu yezithelo.
- ★ Phakamisa ukuthi izingane zakho zizenzele ezazo izincwadi mayelana nezithelo ngokudweba izithombe zezithelo ezizikhonzile bese zibhala incwadi yesithelo eduze kwesithombe ngasinye. Zikhuthaze ukuthi zicabange ngamagama okuchaza umbala nesimo sesithelo ngasinye, kanjalo nokuthi sinjani ngaphandle nangaphakathi.


## Create TWO cut-out-and-keep books

### Fruit salad

1. Tear off page 9 of this supplement.
2. Fold the sheet in half along the black dotted line.
3. Fold it in half again along the green dotted line to make the book.
4. Cut along the red dotted lines to separate the pages.

### Six blind mice and an elephant

1. To make this book use pages 5, 6, 7, 8, 11 and 12.
2. Keep pages 7 and 8 inside the other pages.
3. Fold the sheets in half along the black dotted line.
4. Fold them in half again along the green dotted line to make the book.
5. Cut along the red dotted lines to separate the pages.



## Zenzele ezakho izincwadi EZIMBILI ozosisika uzikhiphe bese uzigcina

### Isaladi yezithelo

1. Khipha ikhasi lesi-9 lalesi sithasiselo.
2. Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
3. Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa oluhlaza okotshani.
4. Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu ukuze uhlukanise amakhasi.

### Amagundane ayisithupha angaboni kanye nendlovu

1. Ukuze wenze le ncwadi sebenzisa amakhasi 5, 6, 7, 8, 11 nele-12.
2. Gcina ikhasi lesi-7 kanye nelesi-8 ngaphakathi kwamanye amakhasi.
3. Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
4. Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa oluhlaza okotshani ukuze wenze incwadi.
5. Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu ukuze uhlukanise amakhasi.

The third mouse, who was busy exploring the elephant's ear, piped up. "That's really silly! It is all too clear to see that an elephant is like a – **fan!**"




Igundane lesithathu, elahmatasa ihlohisisa idlebe indlovu, lanyenyeza. "Niyadlala ninali Kusobala nje ukuthi indlovu ifana – **nesiphethi-moya!**"

Suddenly, the elephant stood up and scratched his ear with such gusto that some of the mice let go of him while others held on for dear life.



Khona manjalo indlovu yasukuma yazenwaya idlebe ngamawala ngengekuthi amanye amagundane ayidedela kanti amanye abambela kuyo athi ngq!



Amagundane ayisithupha angaboni kanye nendlovu



Six blind mice and an elephant

Jude Daly

**I was lucky enough to have my imagination enlivened and enriched**

by stories as a child. Stories that flew out of books and into my play helping me to make some sense of my world. This simple story encourages us to step back and draw on all our senses to piece together the BIG picture. So let's play, I'll be the oldest blind mouse. Who would you like to be? - Jude Daly

Courtesy of Otter-Barry Books(UK) and Tafelberg (an imprint of NB Publishers)



Tafelberg | Facebook: NBPublishers | Twitter: NBPublishers | Instagram: nb\_bookstagram

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children's potential through storytelling and reading. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



UNal'ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa izingane ngokuxoxa nokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



“Because it is not,” squeaked the second mouse, as she scuttled up and down the elephant’s smooth, sharp tusk. “An elephant is actually like a – **spear!**”



“Ngoba ayilona,” kunswininiza igundane lesibili, ligijima lehla lenyuka nezinyo lendlovu elishelelayo nelicijile. “Indlovu eqinisweni ifana – **nomkhonto!**”

Ngolunye usuku olushisa kakhulu, indlovu eyayiphethwe ubuthongo yazulazula yaphuma ehlathini yazithola isisenqolobaneni yomlimi. Yahogehogela, yazenzela umbhede opholile, yaphefumula ngokwaneliseka, yayisizunywa ubuthongo.

Umlimi wayehlale efuna ukubona indlovu yangempela. Wayeseqhweba umkakhe nezingane ngokujabula bonke base begijima beyobuka.

One hot, hot day, a sleepy elephant wandered out of the forest and into a farmer’s barn. He sniffed around, made himself a cosy bed, sighed contentedly and fell asleep.

The farmer had always wanted to see a real elephant. He beckoned excitedly to his wife and children and they all ran out to look.



“A fan, what nonsense!” he squealed. “This creature is very like a – **snake!**”  
The fourth blind mouse managed to cling on to the elephant’s trunk as it twisted this way and that.

Igundane lesine elingaboni lakwazi ukubambela embokweni wendllovu ngenkathi uyaluza uya le nale. “Lesi silwane sinjenge- – **nyoka!**”  
“Tsihphethi-moya, umbhedo lowo!” lisho linswininiza.



So the six blind mice tiptoed out of the barn. Then they scampered back to their nest, squeaking and squealing with satisfaction at having seen for themselves the wonder of an elephant.


“A snake?” squeaked the fifth mouse, as he scuttled around a knotty knee. “How ridiculous! Why, even the blindest mouse could tell you that an elephant is like a – **tree!**”

“Inyoka?” kunswininiza igundane lesihlanu, ngenkathi ligijima lizungeza idolo elisafindo. “Ngumbhedo phela lowo! Ingani ngisho ngeundane elingaboni nhlobo lityakwazi ukuthi indlovu iyafana nje – **nesihlahla!**”



Ngakho-ke amagundane ayisithupha angaboni acathama aphuma enqolobaneni. Athi tshobetshobe esidlekeni sawo futhi, enswininiza ebanga nomsindo ngokwaneliseka ngokuzibonela kwawo isimanga sendlovu.

First to reach the barn was the oldest blind mouse. He scampered inside and almost crashed into the elephant’s gigantic, solid side. “Ouch!” he squealed. “Why did no one say that an elephant is like a – **wall!**”



Elokuqala ukufika engolobaneni kwaba yigundane elingaboni elidala kakhulu. I agijima langena lacishe lazishayisa emzimbeni omkhulu, oqinile wendlovu. “Eshu!” Inswininiza. “Kungani kungekho oke washo nje ukuthi indlovu ifana – **nobonda!**”



So, as soon as all the people and all the animals – especially the cat – went away, the mice crept out of their hole and set off again.

While they were hiding, the six blind mice overheard people talking about a remarkable creature called an elephant, that was sleeping in the farmer's barn. And the more the mice heard, the more they knew this must be the creature they were looking for.

... CATSI!





“Sizani bo!” kunswintiza amagundane, ase ephuthuma emgodini wokucasha. Ngenkathi ecashile, amagundane ayisithupha angaboni ezwa abantu bekhuluma ngesilwane esimangalisayo okuthiwa yindlelovu, esasilele engolobaneni yomlimi. Ngenkathi amagundane ezwa okuningana, azi ngokuthe xaxa ukuthi lesi kwabde kuyisilwane ayesifuna. Ngakho, kwathi bangahamba bonke abantu nezilwane zonke – ikakhulukazi ikati – amagundane anyonyoba ephuma emgodini ahamba futhi.


... NAMAKATTI!

Emva kwalokho babiza omakhelwane. Ngokuphazima kweso inqolobane yayisizungezwe amadoda, abesifazane nezingane, bonke behlebelana ngesimanga sendlovu.

Then they called the neighbours. Soon the barn was surrounded by men, women and children, all whispering to each other about the wonder of an elephant.



Umagilebhisi.  
 Suzette likes  
 grapes.



UMutesi uthanda  
 Mutesi likes  
 passion fruit.

UTiringo uthanda  
 ophayiphu.  
 Tiringo likes  
 pineapples.



UKwesi uthanda  
 obhana.  
 Kwesi likes  
 bananas.



Ikhiqizwe kabusha ngomusa wemvume yabakwaThe Little Hands Trust kanye nabakwaProject for the Study of Alternative Education in South Africa (PRAESA).

Ukuthola kabanzi ngabakwaPRAESA, iya ku-[www.praesa.org.za](http://www.praesa.org.za).

Reproduced by kind permission of The Little Hands Trust and the Project for the Study of Alternative Education in South Africa (PRAESA). To find out more about PRAESA, go to [www.praesa.org.za](http://www.praesa.org.za).




Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children's potential through storytelling and reading. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



UNal'ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa izingane ngokuxoxa nokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)





## Isaladi yezithelo Fruit salad




*Suzana Mukobwajana  
 Fortunée Kubwimana  
 Félix Seminega  
 Danisile Ntuli*

Ujuma uthanda  
omango.  
Juma likes  
mangoes.




UMuvara  
uthanda  
amawolntshi.  
Muvara likes  
oranges.


Mina-ke? Mina  
ngithanda isaladi  
yezithelo! Waze  
wamandi saladi  
yezithelo emandi.  
And me? I love  
fruit salad! Lovely,  
lovely fruit salad.



UMariama  
uthanda ikhabo.  
Mariama likes  
watermelon.




U-Aisha uthanda  
izinhlamvu zesundu.  
Aisha likes dates.



UPhakamani  
uthanda upopo.

Phakamani likes  
paw paw.



Aisha



Phakamani



Muvara



Kwesi



Mutesi



Tiringo



Mariama



Juma



Suzette

There was a moment's silence. Then the sleepy elephant flapped his ears and trumpeted so loudly that all six mice scurried for cover.

“An elephant is exactly like a – **ropo!**”

The other mice crept closer. Why, even the elephant himself seemed to be listening!

“Hey, everyone!” called the sixth and youngest blind mouse, hanging from the elephant's tail. “You are all wrong! I'll tell you exactly what an elephant is like!”

Kwake kwathuleka. Emva kwalokho indlovu eyozelayo yabhakuzisa amadlebe ayo yayisisho ngomsindo wayo kakhulu ngangokuthi wonke amagundane ayisithupha abaleka ayocasha.

“Indlovu ifana ncamashi – **nendophi!**”

Amanywe amagundane agaqela eduze. Ingani phela ngisho nayo indlovu uqobo yayibonakala sengathi ilalele!

“Hhayi, bakwethu!” kumemeza igundane elingaboni wendlovu. “Ninophutha nonke! Ngizomitshela ngqo ukuthi indlovu injani!”

Emva kwalokho indlovu yazamula.

“Indlovu enhle kakhulu,” kunswininiza ngokunyenyeza igundane elingaboni elidala kunamanye.

“Indlovu ekhathele kakhulu!” kungenelela igundane elincane kunamanye.


Indlovu yafa yinsini yaze yafikelwa ubuthongo, zumekiyane.

Then the elephant yawned.

“A very beautiful elephant,” the oldest blind mouse squeaked quietly.

“A very tired elephant!” the youngest mouse chipped in.

And the elephant rumbled with laughter until he fell fast asleep.





Amagundane ayisithupha angaboni, ediyazeliswa wubuthongo esidlekeni sawo, avuswa yiphunga elingejwayelekile, iphunga ayengakaze alizwe ngaphambilini. Ngabe yiphunga lani lelo? Kwakufanele akuthole lokho.

Ngenkathi egaqazela elandela izimpumulo zawo, ahogela izinto eziningi azaziyo mayelana: nezinkukhu, izinkomo, izingulube, abantu, izinja kanye ...

Six blind mice, dozing in their nest, were woken by a most unusual smell, a scent they had never smelled before. What could it be? They just had to find out.

As they crept along, following their noses, they smelled lots of things they knew about: chickens, cows, pigs, people, dogs and ...



“Awu, zithandwa zami!” kusho indlovu ngeIphansi. “Bengingaqondile ngeMpela ukunethusa. Ngicela nibuye. Ngifuna ukusho nje ukuthi omanye nomanye usho iqiniso, kancane nokho.”

“Ngimkhulu futhi ngiqinile, ngingamazinyo acijile kanye namadlebe amakhulu asasiphephethi-moya. Kumele ngivume futhi ukuthi imilenzekazi yami ifana neziqhu zezihlahla, ikhala lami lide futhi ligobile kanti umsila wami ungathi yindophi. Kodwa, noma sesikushilo konke, bangani bami, mina ngifana nse **nendlovu!**”



“I am large and solid with sharp tusks and big fan-like ears. And I have to agree that my legs are like tree-trunks, my nose is long and bendy and my tail could be mistaken for a rope. But, when all is said and done, my friends, I am exactly like an **elephant!**”

“Oh dear!” said the elephant softly. “I really did not mean to scare you. Please come back. I just wanted to say that each of you is a little bit right.”



**Challenge 2**

Neo loves playing soccer, so he enjoys soccer stories. Read stories about children or adults who have the same hobby as you, or who enjoy playing the same sport as you.

**Inselelo yesi-2**

UNeo uyalithanda ibhola lezinyawo, ngakho uyazithokozela izindaba ezimayelana nebhola. Funda izindaba ngezingane noma abadala abathanda into yokuchitha isizungu efanayo neyakho, noma abathokozela ukudlala umdlalo ofanayo nowakho.



**Izindaba zami eziyi-10 engizikhonzile ngowezi-2018**

Isihloko sendaba/Story title      Umbhali/Author

1. \_\_\_\_\_
2. \_\_\_\_\_
3. \_\_\_\_\_
4. \_\_\_\_\_
5. \_\_\_\_\_



**My 10 favourite stories of 2018**

Isihloko sendaba/Story title      Umbhali/Author

6. \_\_\_\_\_
7. \_\_\_\_\_
8. \_\_\_\_\_
9. \_\_\_\_\_
10. \_\_\_\_\_



**Challenge 1**

Hope likes stories about everyday life – especially stories about groups of friends and stories that take place at school. Can you find stories that have friends in them and/or have something to do with school? Enjoy reading them!

**Inselelo yoku-1**

UHope uqhanda izindaba ezimayelana nempilo yansuku zonke – ikakhulukazi izindaba ngamathimba abangani nezindaba ezenzeka esikoleni. Ungakwazi ukufihla izindaba ezinabangani kanye/noma ezinokuthile okuphathelene nesikole? Thokozela ukuzifunda!

**Inselelo yesi-5**

U-Afrika uyathanda ukufunda izinganekewane. Ayithanda kakhulu yilena ethi, “Utselane nezimuzinu”. Zinike isikhathi sokufunda izinganekewane. Phinda ufunde lezo ozikhonze kakhulu uphinde uhole lezo ongakaze uzifunde ngaphambili.

**Challenge 5**

Afrika likes reading traditional stories. His favourite is “Tselane and the giant”. Take the time to read some traditional stories. Re-read ones that are your favourites and also find ones that you have not read before.



**Inselelo ye-10**

UJosh uvamise ukufundela uNeo nobella. Kheha izindaba ezithile okuthokozele ukuzifunda bese ufhola ofihle ozamfundela. (Uma ngabe ezinye zalezi zindaba kungamanoveli, ungahle ukhehe isahluko esisodwa noma ezimbili encwadini ngoyinye ukuze uyifunde kuzwakaleji)

**Challenge 10**

Josh often reads to Neo and Bella. Choose some stories that you have enjoyed reading and then find someone to read them to. (If some of these stories are novels, you may want to choose only one or two chapters from each book to read aloud!)



FOLD 1

**Inselelo yesi-9**

UPriya noNeo bavamise ukuxoxelana izindaba abasanda kuzifunda! Buza abanye babangani bakho ngezindaba abakuthokozele ukuzifunda. Emva kwalokho hola lezi zindaba bese uzifunda ngokwakho.

**Challenge 9**

Priya and Neo often tell each other about stories that they have just read! Ask some of your friends about stories that they have enjoyed reading. Then find these stories and read them yourself.



**Inselelo yesi-6**

UBella uqhanda izindaba ezimayelana nezilwane. Uhojyo indaba vykhorzile emayalana nezilwane? Phinda uyifunde base ufhola izindaba ezinisha ngezilwane ongazifunda.

**Challenge 6**

Bella likes stories about animals. Do you have a favourite story about animals? Read it again, and then find new stories about animals to read.





**Challenge 4**

Afrika loves anything to do with inventions and he enjoys making things! Find books that tell you how to make things – food or objects. Choose some of the things from these books to make. Follow the instructions to make them.

**Inselelo yesi-4**

U-Afrika uifanda noma yini emayelana nokusungula izinto futhi uyakufhokozela ukwenza izinto! Thola izincwadi ezikutshela ukuthi uzenza kanjani izinto – ukudla noma izinto. Khettha izinto ezithile eziphuma kulezi zincwadi ongase uzenze. Landela imiyalelo ukuzenza.

FOLD 2

**Inselelo yesi-3**

UPhila uyathanda uma ngaba ugogo emfundela izindaba ezinophumo olufihle – yizindaba azikhonzile! Uyathanda ukuthola izindaba ezinophumo ezibhale ngababhali angakaze afunde izindaba zabo ngaphambili. Zama ukufunda izindaba ezithile zababhali abasha kuwe. Omunye wabo angahle abe ngomkhonzile!

**Challenge 3**

Phila loves it when her granny reads adventure stories to her – they are her favourite! She loves finding adventure stories by authors that she has not read before. Try reading some stories by authors that are new to you. One of them may become one of your favourites!



**Inselelo ye-11/Challenge 11**

Bhala eyakho inselelo ngezansi. Write your own challenge below.

---



---



---



---



---

**Inselelo ye-12/Challenge 12**

Bhala eyakho inselelo ngezansi. Write your own challenge below.

---



---



---



---



---



**Challenge 8**

Josh wants to be a pilot when he grows up and so he spends a lot of time reading about aeroplanes – and anything else in the sky! Find information books on topics that interest you and enjoy learning more about these topics as you read.

**Inselelo yesi-8**

UJosh ufuna ukuba wumshayeli wamabhanoyeli njengakathi ufunda. Usho ufuna ukuba wumshayeli wamabhanoyeli esiningi efunda ngenhlobo kanye uchitha isikhathi esiningi efunda ngizinto ezizinzuzile ngakumbi. Thola izincwadi ezikuthathela izinto ezizinzuzile ngakumbi. Thola izincwadi ezikuthathela izinto ezizinzuzile ngakumbi. Thola izincwadi ezikuthathela izinto ezizinzuzile ngakumbi.

FOLD 3



**Challenge 7**

Bella and Neo like fantasy stories. Bella likes stories about queens and Neo likes stories about pirates. Do you enjoy these kinds of stories? What fantasy characters do you enjoy reading about? Try reading some stories that take you on a trip to a fantasy world.

**Inselelo yesi-7**



UBella noNeo bathanda izindaba zokungenzeke ezisuselwe ekhanda. UBella ufanda izindaba ngezindlovukazi kamfi uNeo ufanda izindaba ngezigezibengu zasolwandle. Ngabe uyazifhokozela lezi zinhlobo zezindaba? Yibaphi abalingiswa abasuselwe ekhanda ofanda ukufunda ngabo? Zama ukufunda izindaba ezithile ezikuthatha zikuyise emhlabeni obunjwe emqondweni nje.



**Indlela yokusebenzisa le phasipoti**

1. Bhala phansi iziselelo ezintathu zokufunda okungezakho ezisemkhosini eke-12 neke-13.
2. Zama inselelo yokufunda ngonyenye ngowezi-2018.
3. Faka umbalo esiternibini uma usuyiphohulile inselelo.
4. Ekhasini le-14 nele-15, bhala phansi izindaba eziyishumi ozifhokozele kakhulu ukuzifunda. Lezi kungaba yizindaba ozifunde ngenqenxe yezinselelo noma ezinye izindaba ozifunde ngokuhamba kanyaka.

**How to use this passport**


1. Write down two of your own reading challenges on pages 12 and 13.
2. Try each of the reading challenges during 2018.
3. Colour in the stamp once you have completed a challenge.
4. On pages 14 and 15, write down the ten stories you most enjoyed reading. These could be stories you read as part of the challenges or other stories you read during the year.



Nalibali is a national reading-for-employment campaign to spark children's potential through storytelling and reading. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



**Igama/Name:** \_\_\_\_\_



## A reading passport

Children learn to read by reading – and they get better at it the more they do it! Your children can use the reading passport on pages 13 and 14 to help them explore the world of reading.

- ★ Encourage them to try all the challenges in the passport, but do not force them to do this.
- ★ They do not have to complete the challenges in order. They may feel more comfortable starting with something they have tried before.
- ★ It doesn't matter if they don't complete all the challenges, but encourage them to try at least one a month.
- ★ Whatever your children read, make sure they enjoy doing it. If they do not like a book or story, they do not have to finish it! The important thing is to explore different types of books and stories.

### Get going

Follow these steps to help your child create their own reading passport.


1. Cut off pages 13 and 14.
2. Fold three times. Make sure the dotted line is inside the fold each time.
  - a. Fold along the purple line. (Fold 1)
  - b. Fold along the green line. (Fold 2)
  - c. Now fold along the blue line. (Fold 3)
3. Cut along the red lines.
4. Let your children add their own reading challenges on pages 12 and 13. Now the passport is ready to use!
5. Let your child try the twelve reading challenges on pages 2 to 13 of the passport. There is a stamp next to each one which they can colour in once they have completed the challenge.
6. Let your child write down the names of ten stories that they read during 2018 and enjoyed the most. These could be new stories that they read, or old favourites. They could be stories that they read as part of the passport challenges or other books they enjoyed.



### Where to find free stories

Nal'ibali has free stories for your children to read throughout the year. Find these stories:

- in the 2018 Nal'ibali Supplements
- in copies of the Nal'ibali Supplement from previous years. (You can download these from the "Multilingual supplement archive" in the "Story supplies" section on the Nal'ibali website – [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org).)
- in "Multilingual stories" and "Story cards" in the "Story & rhyme library" section on the Nal'ibali website ([www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)) and on the mobisite ([www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)). You can download the stories and print them out, or read them on a cellphone.



## Iphasipoti yokufunda

Izingane zifunda ukufunda okubhaliwe ngokuthi zifunde – futhi ziba ngconywa kulokhu uma zide zikwenza. Izingane zakho zingasebenzisa iphasipoti yokufunda ekhasini le-13 nele-14 ukuzisiza ukuthi zihlolise umhlaba wokufunda okubhaliwe.

- ★ Zikhuthaze ukuthi zizame zonke izinselelo ezikuphasipoti, kodwa ungaziphoci ukuthi zenze lokhu.
- ★ Akudingekile ukuthi zenze izinselelo ngokulandelana kwazo. Zingahle zizizwe zikhululeke kakhudlwana ngokuthi ziqale ngezike zakwenza ngaphambilini.
- ★ Akunandaba uma ngabe zingaqedanga zonke izinselelo, kodwa zikhuthaze ukuthi zenze okungenani eyodwa ngenyanga.
- ★ Noma ngabe yini izingane zakho eziyifundayo, qiniseka ukuthi ziyakuthokozela ukukwenza lokho. Uma zingayithandi incwadi noma indaba, akudingekile ukuthi ziyiqede! Into ebalulekile wukuhlolisa izinhlobo ezahlukene zezincwadi nezindaba.

### Phezu komkhono

Landela lezi zinyathelo ukusiza ingane yakho ukuthi izakhe eyayo iphasipoti yokufunda.

1. Sika ukhiphe ikhasi le-13 nele-14.
2. Songa izikhawu ezintathu. Qiniseka ukuthi umugqa onamachashazi ungaphakathi kosongo isikhawu ngasinye.
  - a. Songa ulandele umugqa obukhwebezane. (Ukusonga koku-1)
  - b. Songa ulandele umugqa oluhlaza okotshani. (Ukusonga kwesi-2)
  - c. Manje songa ulandele umugqa oluhlaza okwesibhakabhaka. (Ukusonga kwesi-3)
3. Sika ulandele imigqa ebomvu.
4. Izingane zakho mazengeze ezazo izinselelo zokufunda ekhasini le-12 nele-13. Manje iphasipoti isikulungele ukusetshenziswa!
5. Izingane zakho mazizame izinselelo zokufunda eziyishumi nambili ekhasini le-12 nele-13 lephasipoti. Kukhona isitembu eduze kwaleyo naleyo abazokwazi ukusifaka umbala uma sebeyiqedile inselelo.
6. Izingane zakho mazibhale phansi amagama ezindaba eziyishumi ezizifundile ngowezi-2018 nezizithokozela kakhulu. Lezi kungaba yizindaba ezintsha ezizifundile, noma ezizikhonzile ezindala. Kungaba yizindaba ezazifunda njengengxenye yezinselelo zephasipoti noma ezinye izincwadi ezizithokozele.

### Lapho ongathola khona izindaba zamahhala

UNal'ibali unezindaba zamahhala ezingafundwa yizingane zakho wonke unyaka. Thola lezi zindaba:

- kuZithasiselo zikaNal'ibali zowezi-2018
- kumakhophi eZithasiselo zikaNal'ibali zeminyaka eyadlula. (Ungazikhipha ku-"Multilingual supplement archive" engxenye ethi, "Story supplies" kusizindalwazi sikaNal'ibali – ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org).)
- ngaphansi kwe-"Multilingual stories" kanye nakuma-"Story cards" engxenye okuthiwa yi-"Story & rhyme library" kusizindalwazi sikaNal'ibali ([www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)) kanye nakumobhisayithi ([www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)). Ungakhipha lezi zindaba bese uziphrinta, noma uzifunde kumakhalekhukhwini.



## NAL'IBALI ON RADIO!

Tune into the following radio stations to enjoy listening to stories on Nal'ibali's radio show!

**Ikwewezi FM** on Monday, Wednesday and Friday at 9.45 a.m.

**Lesedi FM** on Monday, Tuesday and Thursday at 9.45 a.m.

**Ligwalagwala FM** on Monday to Wednesday at 9.10 a.m.

**Munghana Lonene FM** on Monday, Wednesday and Friday at 9.35 a.m.

**Phalaphala FM** on Monday to Wednesday at 11.15 a.m.

**RSG** on Monday to Wednesday at 9.10 a.m.

**SAfm** on Monday, Wednesday and Friday at 1.50 p.m.

**Thobela FM** on Tuesday and Thursday at 2.50 p.m., on Saturday at 9.20 a.m. and on Sunday at 7.50 a.m.

**Ukhozi FM** on Wednesday at 9.20 a.m. and on Saturday at 8.50 a.m.

**Umhlobo Wenene FM** on Monday to Wednesday at 9.30 a.m.

**X-K FM** on Monday, Wednesday and Friday at 9.00 a.m.



## USEMSAKAZWENI UNAL'IBALI!

Lalela kulezi ziteshi zomsakazo ukuze uthokozele ukulalela izindaba ohlelweni lomsakazo lukaNal'ibali!

**Ku-Ikwewezi FM** ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-9.45 ekuseni

**KuLesedi FM** ngoMsombuluko, ngoLwesibili nangoLwesine ngo-9.45 ekuseni

**KuLigwalagwala FM** ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu ngo-9.10 ekuseni

**KuMunghana Lonene FM** ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-9.35 ekuseni

**KuPhalaphala FM** ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu ngo-11.15 ekuseni

**KuRSG** ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu ngo-9.10 ekuseni

**KuSAfm** ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-1.50 ntambama

**KuThobela FM** ngoLwesibili nangoLwesine ngo-2.50 ntambama, ngoMgqibelo ngo-9.20 ekuseni nangeSonto ngo-7.50 ekuseni

**Ku-Ukhozi FM** ngoLwesithathu ngo-9.20 ekuseni nangoMgqibelo ngo-8.50 ekuseni

**Ku-Umhlobo Wenene FM** ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu ngo-9.30 ekuseni

**KuX-K FM** ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-9.00 ekuseni



# Nal'ibali fun Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali



1.

Be a chef that cooks words instead of food! Look in the story, *I want to be a chef!*, and find as many words as you can that have something to do with cooking and baking. Write them on and around the pot below. Then add ten words of your own.



Yiba wumpheki opheka amagama esikhundleni sokudla! Bheka endabeni ethi, *Ngifuna ukuba wumpheki!* bese uthola amagama amaningi ngangamandla akho amayelana nokupheka nokubhaka. Abhale ebhodweni elingezansi, amanye alizungeze. Emva kwalokho yengeza amagama okungawakho.



2.

Use your imagination to complete the story.

Sebenzisa ozicabangela khona ukuqedela indaba.

Long ago, there was a land filled with every kind of fruit tree. The only fruit that nobody had ever seen or tasted, was the lemon.

One day, the king's favourite daughter, Bokang, fell ill. Many doctors and sangomas tried to help her, but Bokang didn't get better. At last, a very old sangoma was called.

"Somewhere in this country there is a lemon tree," she told the king. "If you give Bokang the juice of one of its lemons, she will get better ..."



Emandulo, kwakukhona izwe elaligcwele zonke izinhlobo zezihlahla zezithelo. Ukuphela kwesithelo esasingakaze sibonwe okukanye sinambithwe muntu, kwakungulamula.

Ngolunye usuku, indodakazi yenkosi eyayiyintandokazi, uBokang, yagula. Odokotela abanengi nezangoma bazama ukuyisiza, kodwa uBokang akazange abe ngcono. Ekugcineni, kwabizwa isangoma esidala kakhulu.

"Ndawana thile kuleli zwe kukhona isihlahla sikalamula," siithela inkosi. "Uma unganikeza uBokang amanzi elinye lamalamula aso, uzoba ngcono ..."

Look out for the World Read Aloud Day edition of the Nal'ibali Supplement in the week of 28 January. For information on how to get involved in Nal'ibali's World Read Aloud Day activities, go to [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org).



Visit us on Facebook:  
[www.facebook.com/nalibaliSA](http://www.facebook.com/nalibaliSA)  
Sivakashele ku-Facebook  
ku-[www.facebook.com/nalibaliSA](http://www.facebook.com/nalibaliSA)

Bhaka ushicilelo loSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale kuSithasiselo sikaNal'ibali ngesonto lomhla zingama-28 kuMasingana. Ukuthola ulwazi lokuthi ungazibandakanya kanjani emisebenzini yoSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org).

Produced for Nal'ibali by the Project for the Study of Alternative Education in South Africa (PRAESA) and Tiso Blackstar Education. Translation by Dumisani Sibiyi. Nal'ibali character illustrations by Rico.

Daily Dispatch

The Herald

Sunday Times

SW  
Sunday  
World



Drive your  
imagination